JustTransitions

IKHASI LAMAQINISO 01

Sibheke oshintshweni olunobulungiswa ezinhlelweni zokudla eNingizimu Afrika

Luyini ushintsho **olunobulungiswa?**

Isimiso soshintsho olunobulungiswa eNingizimu Afrika siqhamuka emzabalazweni wabasebenzi. Njengoba izimboni ezilimaza izindawo eziyimvelo ziyiswa kuzinqubo ezisimemeyo , abasebenzi namanye amaqembu basengcupheni kuleyo mikhakha. Akufanele bahlupheke noma bajeze ngenxa yalokhu.. Abasebenzi kufanele babe nezwi eliyisisekelo oshintshweni, okufanele kulethe inzuzo nempilonhle kubo kanye nemiphakathi . Ushintsho olunobulungiswa, ngakho-ke, lubhekisela ekushintsheni izimboni zomnotho ezilimaza izindawo eziyimvelo ukuze kube nemikhuba kanye nezinqubo eziyilondolozayo. Lokhu kufanele kwenzeke ngezindlela ezingabandlululi nezilinganayo emphakathini, futhi ezibeka phambili izidingo zabasebenzi nemiphakathi.

Ukumane senze izimboni zivikele imvelo futhi sivikele imisebenzi ngeke kuveze umphakathi onobulungiswa nje kuphela, kodwakuzoshiya kukhona ubudlelwano obuxhaphaza abanye. Kufanele sigxile ezinguqukweni ezijulile ukuze siveze imigomo yoshintsho olunobulungiswa.

Kungani sidinga ushintsho **olunobulungiswa** ezinhlelweni **zokukhiqiza ukudla?**

Ukungabikho kobulungiswa nokungalingani emphakathini

- **Ukungalingani bokubanomhlaba nangezolimo:** Ukuphucwa umhlaba okungokomlando kweningi labantu abansundu, okuhambisana nokungabikhokoshintsho lobunikazi bomhlaba nakwezolimo ngemva kuka-1994. Kusho ukuthi izinkulungwane ezimbalwa zabalimi abangongxiwankulu baqhoqhobele umhlaba futhi bakhiqiza inqwaba yokudla esikudlayo. Izigidi zabalimi abancane abanawo umhlaba kanye namalungelo aqinisekile okusebenzisa umhlaba , ukusekelwa ngezinsiza kusebenza ezifanele, noma izimakethe. Abesifazane abanomhlaba omncane bakhishwa inyumbazana ngokukhethekile ekutholeni izinsiza.
- **Amandla ongxiwankulu:** Izinkampani ezimbalwa ezinkulu zilawula izinto ezisetshenziswayo zokulima, futhi ziqhoqhobele indawo ekulungisweni kokudla, ekusatshalisweni, nasezimakethe zokudayisa. Benza inzuzo enkulu ngokukhiqiza nokudayiswa kokudla, okuhloswe ukuba kube yilungelo labantu eliyisisekelo. Cishe abadayisi abangu-600 000 abangaqeqeshiwe (iningi labesifazane) badlala indima ebalulekile ekwabeleni ukudla, ikakhulukazi emindenini yabantu abasebenzayo, kodwa izidingo zabo zishaywa indiva kuyinqubomgomo, ekusekweni uhulumeni emsebenzi yabo, nasezingeni likamasipala.
- **Indlala nengcuphe yokungabi nokudla:** Ngokuphucwa kwabantu abaningi umhlaba, kwenza abantu abaningi ukuthi bancike ohlelweni lokudla okuthengwayo. Kodwa nakuba amabhizinisi amakhulu enza inzuzo ngalokhu kuncika, cishe ingxenye yesine yemindeni ihlale ibhekana nokuntuleka kokudla. Ukwehla kwamandla emali okuthenga ukudla kwenza ukuthi lokhu kube kubi nakakhulu.
- **Umthwalo wobulili:** Imithelela yokungalingani komhlaba nezolimo, amandla ezinkampani, nengcuphe yokungabi nokudla kuwela kakhulu emahlombe abantu abamnyama, abesifazane besigaba sabasebenzi, okuyibo ababhekene ngqo nokondla imindeni phakathi kwezimo ezingenabulungiswa.
- **Abasebenzi abangaqashiwe ngokupheleleyo nabahola kancane:** Umkhuba oqhutshwa kwezolimo nasekulungisweni kokudla kanye nokudayiswa kwakho ukuqedwa kwemisebenzi evikelekile. Imisebenzi sekuba amatoho. Abasebenzi sebethola amaholo akhokhela imali ephansi kakhulu . Bambalwa abasebenzi basemapulazini abakhokhelwa imali engaphezudlwana komholo oyisinqumo , ongeneli ngisho nokukhokhela ukudla okunempilo okunconyiwe komndeni, ingasaphathwa eyezinye izindleko. Abasebenzi basemapulazini basantula isivikelo sendawo yokuhlala, basaqhubeka nokuxoshwa. Abasebenzi abanazo izindlela zokuphila ezilinganayo ohlelweni lokudla.

Uhlelo lwezokudla lusengozini enkulu yemithelela yokuguquguquka kwesimo sezulu

(Bheka ikhasi Lamaqiniso 4 ukuze uthole imininingwane eyengeziwe ngalesi sihloko.)

Ukukhiqizwa kokudla eNingizimu Afrika kusengozini enkulu ngenxa yemithelela yokuguquguquka kwesimo sezulu. Ngaphandle kokuthi kukuthathwe izinyathelo zokubhekana nokuhambisana nesimo sezulu ukuze abantu kanye nezinhlelo zonke kukwazi ukusimama, umphumela kungaba wukwehla kokukhiqizwa kokudla ezifundeni nasezimbonini eziningi. Lokhu kuzoholela ukwenyuka kwamanani okudla kanye nendlala. Kudingeka ngokushesha uhlelo olukwazi ukuvumelana nemvelo.

Izinhleo zokukhiqiza ukudla zinomthelela omkhulu ekuguquguqukeni kwesimo sezulu

(Bheka ikhasi Lamaqiniso 3 ukuze uthole imininingwane eyengeziwe ngalesi sihloko.)

Izinhleo zokukhiqiza ukudla yizimboni, olusekelwe izinhlelo zabo zokukhiqiza, lunomthelela omkhulu ekuguquguqukeni kwesimo sezulu. Lunomthelela ocishe ube ngu-18% wesisi esingcolisa umoya eNingizimu Afrika. Luphinde luholele ekungcolisweni kwamanzi kanye nokucekelwa phansi kwezinhlobonhlobo zezinto eziphilayo, ngokulima isitshalo esisodwa kanye nokusetshenziswa kakhulu kwezibulala-zinambuzane kanye nomanyolo wamakhemikhali. Ezolimo zezimboni zilwa nemvelo. Indlela ukudla okukhiqizwa ngayo, kwabiwe, futhi kulungiselelwe ngayo kufanele kushintshwe ukuze kuncishiswe ukungcola komoya.

Yini okufanele ifinyelelwe **wushintsho olunobulungiswa lohlelo lokudla?**

Kumbono ezinhlelweni ezizimele zokukhiqiza ukudla, kunemigomo emithathu ebanzi, ehlobene ingabonisa ukufinyelelwa koshintsho olunobulungiswa:

1. **Izindlela zokuziphilisa ezilinganayo** – Ushintsho olunobulungiswa kufanele lulethe imisebenzi namholo ahloniphekile kubantu abasebenzayo. Izinzuzo kanye nemakethe akufanele kuqhube uhlelo lokudla. Kulolu hlelo lwamanje, kuzuza abambalwa, kuyilapho iningi lohlelo lokudla (njengabathengi, abasebenzi kanye nabadayisi abangaqeqeshiwe) lithwele kanzima. Kufanele kusetshenziswe inqubomgomo nezenzo eziguqula izinhlelo zokukhiqiza ukudla okunomthelela obheke ukuzimela ekukhiqizeni ukudla, ukuze ukusatshalaliswa kokudla kulingane nezinzuzo ifinyelele kubobonke abathintekayo eiznhlwelweni zokudla. Lokhu kufanele kugqugquzelwe nangamalungelo avikela ezobulili. Abasebenzi abaqashwe emabhizinisini ohlelo lokudla kufanele babe nokuvikeleka kwemisebenzi, izimo zokusebenza eziphephile, ilungelo nekhono lokuhlela, futhi bathole amaholo avumela bona nemindeni yabo ukuba baphile impilo ehloniphekile. Ngezinguquko zomhlaba, abalimi abancane kufanele babe namalungelo avikelekile omhlaba, izimakethe, kanye nokwesekwa kokukhiqizwa kwezolimo. Abahwebi abangaqeqeshiwe kufanele babhekwelelwe njengabaneqhaza elibalulekilezinhlelweni zokudla, kanye nemizamo eyenziwayo yokuqinisekisa ukuthi bathola imali ehloniphekile ngomsebenzi wabo.
2. **Ukulondozwa kwemvelo** – Ukudla kufanele kukhiqizwe, kusatshalaliswe, futhi kudliwe ngokohlelo lwee-agroecology ukuze kusebenze nemvelo futhi kuncishiswe ukukhishwa kwesisi esibamba ukushisa. Ukukhiqizwa kokudla kufanele kusebenze nemvelo futhi kuthuthukise imisebenzi yemvelo. Lokhu kuzokhuphula ukukhiqizwa kokudla nezinhlelo zemvelo, kuqinise amandla okuzivumelanisa nezimo, kuthuthukise ukuhlukahluka kwemvelo, futhi kube negalelo ekubuyiselweni kwendawo esimweni sayo.
3. **Ilungelo lokudla kanye nokudla okunomsoco** –Uhlelo lokudla lungakhiqiza futhi kufanele lukhiqize izinhlobonhlobo zokudla okunomsoco, okufinyeleleka kuwo wonke umuntu. Izinyathelo zokuqinisekisa Ilungelo Lokudla kanye nokudla okuthuthukisiwe kuzoba umzila obalulekile woshintsho olunobulungiswa ukuze kufezwe ukuzimela ngokokudla.

Kudingeka ukuncishiswa kokuphuma kwesisi esiphuma ezinhlelweni zokukhiqizwa kokudla. Kodwa izindlela zokuzivumelana nezimo nazo zizodingeka ukuze kuqinisekiswe ukusimama nokuqina kwemvelo, umsebenzi ohloniphekile kanye nendlela yokuphila elinganayo, kanye Nelungelo Lokudla kanye nokudla okuthuthukisiwe. Ukuzivumelanisa kubhekisela ezinyathelweni ezingokoqobo ezikwazi ukwakha ukuqina phakathi kwabantu ohlelweni lokudla. Kwezolimo izinqubo ze-agroecology nazo ziyizinqubo ezingamacebo avumelana nezimo. Imikhuba eminingi enjalo ingenziwa abakhiqizi ngaphandle kokungenelela okukhulu. Kodwa ukusekelwa kwezobuchwepheshe kuzodingeka okuqinisekisa futhi okwakhela phezu kolwazi lwabo. Kuzodingeka izinguquko ezijulile zezomnotho, ezenhlalakahle nezombusazwe, kwinqubomgomo, ezinhlelweni nasezinqubweni.

Izithiyo zoshintsho to a just transition in olunobulungiswa ezinhlelweni **zokukhiqiza ukudla eNingizimu Afrika**

Kunezithiyo ekuboneni ushintsho olunobulungiswa. Lena ihlanganisa:

- **Ukuchema kwezingxoxo kanye nenqubomgomo** – Okuningi okuyizimfuno- zomphakathi kanye nezinqubomgomo okumayelana noshintsho olunobulungiswa kugxile emandleni kagesi . Ukuguqulwa kwezinhlelo zokudla kubaluleke ngokufanayo, uma kubhekwa imiphumela yezinhlelo zlokukhiqiza ukudla lwezimboni lunomthelela ekulimazeni imvelo, kanti futhi Ukudla okunomsoco kubalulekile kunoma yimuphi umphakathi. Nokho, uhulumeni ubeke phambili yokuqala indima yemakethe ekuhleleni uhlelo lokudla kusukela kwaphasiswa uMthetho Wokumakethwa Kwemikhiqizo Yezolimo (1996). Lokhu kuqinise kulabo ababambe iqhaza abazimele ekulolongeni uhlelo lokudla. Ngakho-ke kunesidingo sokwakha uhlelo lwezimfuno zomphakathi oluqinile mayelana nokuzimela kokudla kanye noshintsho olunobulungiswa.
- **Amandla ezinkampani** – zongxiwankulu– Izinkampani kanye nezikhungo zezezimali zinamandla amakhulu ekubumbeni uhlelo lokudla. Amasu agxile enzuzweni ayagcinwa ukuze kungabikhona ubulungiswa bezenhlalo nezemvelo. Yingakho abasebenzi ohlelweni lokudla bexhashazwa, benganakwa futhi behola kancane. Izinkampani zilawula lokho abathengi abakukhethayo nabakudlayo. Lezizinkampani zongxiwankulu elinamandla amakhulu ekwenzeni inqubomgomo.
- **Ukuntuleka komhlaba kanye nezinguquko kwezokulima** – Kushiya ubudlelwano bamandla obukhona buqinile, kuqinisa ukugxiliswa kobunikazi nokulawula, futhi kushiya namalungelo abahlali basemaphandleni kanye nabakhiqizi esengcupheni.
- **Inqubomgomo kahulumeni engaxhumene nohlelo lokukhiqiza ukudla** – Izinqubomgomo eziningi zihlobene nohlelo lokukhiqiza ukudla, kodwa azihlobani ngaso sonke isikhathi, futhi kukhona ukungqubuzana phakathi kwazo. Awukho umbono wohlelo lokukhiqiza lulonke, futhi iMinyango ayisebenzi kahle ngokubambisana.
- **Ukuncika endleleni** – Izinqubo, izinqubomgomo, izimakethe, izikhungo, izinkampani, imfundo nokuqeqeshwa, kanye nemicabango kubophezeleke kuyindima yohlelo lokudla kwezimboni kanye nabadlali bezinkampani.
- **Izindlela "zoshintsho okuluhlaza" zishiya ukungalingani okukhona kungashintshile, noma kuyakugcizeleleka** – Kukhona usongo lokuthi abakhiqizi, nezinkampani zonke ezinhlelweni lokudla, kanye nohulumeni, baphendule izinselele zokusimama ngezindlela ezigxile kuphela ekulondolozeni umkhiqizo noma inzuzo. Ngenxa yalokho bangase bangacabangi imibuzo ebanzi yobulungiswa, ukungalingani, amandla, noma izindlela ezijulile ekulondolozeni imvelo. Lokhu kuzoshiya ukungalingani okukhona kungalungisiwe, okungenzeka kube kubi kakhulu ngenxa yemithelela eqondile nengaqondile yokuguquguquka kwesimo sezulu.

Ngenxa yalezi zingqinamba, okuhlanganisa ukuthi kungenzeka ukuthi ababamba iqhaza abaqavile ohlelweni lokudla bazophendula inselele yokulondolozeka ngezindlela ezingaqondiswa izintshisekelo zezindawo zethu, sidinga ukuqinisekisa ukuthi noma yiziphi izindlela zokunciphisa kanye nokuzivumelanisa nezimo zilungile. Sinquma kanjani ukuthi zilungile?

Sisuka kanjani lapho esikhona manje **ukuze sifinyelele oshintshweni** olunobulungiswa ohlelweni lokukhiqiza ukudla?

Izimiso nezinkomba

Kubalulekile kithiukuthi sicabangele ukuthi yiziphi izinto eziza kuqala ezindaweni zethu mayelana noshintsho ohlelweni lokudla, nokuthi lokhu kubonakala kanjani ekuqondeni kwethu ubulungiswa. Lezi zingahlukaniswa zibe uhlelo lwezimiso nezinkomba zobulungiswa okufanele zibonakale ezinqubamgomweni, ezinhlelweni, kanye nasemiklamweni yezinhlelo zokudla.

Ithebula 1 liphakamisa uhlelo lwezimiso ezingachaza ushintsho olunobulungiswa ohlelweni lokudla. Izimiso zinikeza 'imithetho' yobulungiswa okufanele yenziwe ngesikhathi soshintsho. Izinkomba ezibonisa ukuthi izimiso zisetshenziswe ngokoqobo ohlelweni lokudla zidinga ukucatshangelwa. Ukufinyelela lezi zinkomba kuzoqinisekisa ukuthi imigomo iyafezeka. Lezi zingakha isisekelo sokuhlola ukuthi izimo, izenzo, nezinqubomgomo zilungile noma azilungile.

Ithebula 1: Izimiso nezinkomba zoshintsho olunobulungiswa ohlelweni lokudla

Isimiso	Izinkomba
Ukuhlangabezana nezidingo zabantu Ubulungiswa babasebenzi	- Umsebenzi ohloniphekile: inkokhelo efanele nezimo zokusebenza ezilungile kuyo yonke indlela yokwenza ukudla - Izinga lokuphila elithuthukisiwe labasebenzi
Izinhlaka ezinobulungiswa zochungechunge lokudla	- Ubudlelwano obulungile nobuzuzisayo phakathi kwalaboabaneqhaza ezinhlelweni zokukhiqiza ukudla - Uchungechunge olunobulungiswa bezindlela zokwenza ukudla ezisungula imisebenzi ehloniphekile elungele imvelo
Ilungelo lokuthola izimpahla ezisemqoka (isib. ilungelo lokuthola ukudla, umhlaba, amanzi)	- Ukufinyelela kwabo bonke ekudleni okunomsoco okwanele, okufanele, nokuphephile ngazo zonke izikhathi - Ukumelana kochungechunge lokuhlinzekwa kokudla ezimweni ezithusayo - Ukusekela ukumelana kwabalimi nezimo ezithusayo nengcindezi
Amathuba endlela yokuphila	- Indlela yokuphila kanye nezinga lokuphila elithuthukisiwe labalimi - Abasebenzi nabalimi bangabanikazi bomhlaba abawusebenzayo futhi kumele babenokufinyelela okuvikelekile kumhlaba abawusebenzayo, ikakhulukazi abantu besifazane - Ababambe iqhaza elincane nabangebona abamabhizinisi emkhakheni wezokudla bayaqashelwa futhi bayasekelwa
Ubuqotho bemvelo	- Impilo yesimiso semvelo iyathuthuka - i-agroecology - Ukubuyiselwa kwemvelo ehlukene, ukulondolozwa nokwandiswa - Umsoco yesihlabathi, amanzi, nomoya iyavikelwa futhi iyathuthukiswa - Ukusetshenziswa kwezinsiza ezingokwemvelo kuhlala ngaphakathi kwemingcele yemikhathi - Izilwane ziphathwa ngenhlonipho, futhi ukubaluleka kwazo kuyaqashelwa
Ukubamba iqhaza nentando yeningi Izinqubo ezinobulungiswa nezokubamba iqhaza	- Izinqubo zokwenza izinqumo azifihli lutho, azibandlululi, futhi zinikeza ithuba elilinganayo lokuzwa amazwi ahlukene - Ukuthathwa kwezinqumo akumane nje kubonise, kusungule, noma kuqinise ukungalingani kwamandla
Ukufinyelela kulwazi olubalulekile	- Ulwazi olunokwethenjelwa olumayelana nemithelela yezindlela zokwenza ukudla, ukuguquguquka kwesimo sezulu, nokudla okuhlukahlukene kwabantu nemvelo luyatholakala kubo bonke ekwenziweni kwezinqumo nezenzo
Hlonipha futhi uhlanganyele ekuhlukahlukeni	- Ulwazi lwasendaweni, lwendabuko, nolwesintu luyahlonishwa futhi lunikezwa izwi - Imibono ehlukene ehlobene nokukhiqizwa, ukucutshungulwa, nokulungiselelwa kokudla kuyahlonishwa - Umzamo othile uyenziwa uma kuziwa ekungabandlululeni ngokobulili, isigaba, nohlanga, futhi wonke umuntu uqashelwa ngokulinganayo futhi uyaziswa
Kwakhiwa kwamakhono	- Ukuthuthukiswa kwamakhono omuntu ngamunye naweqembu ukuze kwenziwe ushintsho olunobulungiswa - Ukwakhiwa kwamakhono ukulekelela ukusebenzisana ndawonye ukubhekana nezindlela zoshintsho olunobulungiswa - Okusunguliwe okufanele kwezobuchwepheshe kuyatholakala kubantu abafanele, ikakhulu amaqembu akhishwe inyumbazane

Kususelwe ku-Tribaldos, T. no-T. Kortetmäki. 2022. 'Just transition principles and criteria for food systems and beyond', *Environmental Innovation and Societal Transitions* 43, ikhasi 248.

Umbuzo wokungase kube yingxoxo yethebula:

- Phawula izinkomba ezibaluleke kakhulu emphakathini wakho. Ingabe kukhona okudinga ukwengezwa ?
- Yiziphi izinyathelo/izenzo ezidinga ukuthathwa ukuze ubone izinkomba? Ngubani?
- Ungase ufune ukukhiqiza kabusha ithebula elingenhla, futhi ufake isigaba sesithathu ethi 'Izinyathelo/izenzo' ozoyigcwalisa